

Melela Inkolo Yeqiniso (Ingxenye 2)

Isekelwe esahlukweni 16 sencwadi ethi *Lifundisani Ngempela IBhayibheli?* etholakala ku-jw.org/zu.

INJONGO: Hlola lokho okukholelwayo nokuthi kungani ukukholelwa, uhlale nalokho okufundiswa iBhayibheli, ubone ukuthi ungabachazela kanjani abanye lokho okukholelwayo.



KUFANELE YINI AMAKRISTU EQINISO AXOXELE ABANYE NGEZINKOLELO ZAWO?



1 HLOLA IZINKOLELO ZAKHO

Kungani abanye bengase bathi yebo?

Kungani abanye bengase bathi cha?

Yini wena oyikholelwayo?

Kungani ukukholelwa lokho?

AmaKristu eqiniso ayakugwema ukuphikisana nabanye ngalokho akukholelwayo.

(Bheka isahluko 16 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 13-17.)

Funda eyabaseKolose 4:6.

Leli vesi libonisa kanjani ukuthi kudingeka siqaphe lapho sichazela abanye lokho esikukholelwayo?

Funda uMathewu 7:12.

Uma abanye bephikisana nathi, kungani kufanele siqhubeke sibahlonipha?



Uma niphoselana ibhola, lowo oliphosayo uyaqikelela ukuthi lowo amphoselayo uzokwazi ukulingqaka. Ngendlela efanayo, lapho sichazela abanye ngezinkolelo zethu, kufanele sibachazele ngendlela okuzoba lula ngabo ukuba baziqonde

AmaKristu eqiniso ahlangu ndawonye, afunde izindlela ezifanele zokuchazela labo abafisa ukwazi ngezinkolelo zawo.

(Bheka isahluko 16 sencwadi ethi *Okufundiswa IBhayibheli*, izigaba 18-19.)

Funda iHubo 22:22; eyabaseRoma 1:12; neyamaHebheru 10:24, 25.

Sizuzani ngokuhlangana ndawonye namanye amaKristu ukuze sikhonze uNkulunkulu?

Funda uMalaki 3:10.

Yini esizoyithola uma simelela inkolo yeqiniso?

Ubani *wena* ongase umxoxele ngezinkolelo zakho, futhi ungamchazela kanjani ngendlela engeke imcasule?

3

CHAZA IZINKOLELO ZAKHO

UMA UMUNTU ETHI . . .

OFakazi BakaJehova bahlale befuna abantu balandele inkolo yabo ngenkani.

UNGASE UTHI . . .

Siyakuthanda *ukuchazela* abantu abafisa ukwazi ngezinkolelo zethu. Nokho asilokothi *sibaphoqe* ukuba bashintshe izinkolelo zabo ngoba . . .

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisa kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?

UMA UMUNTU ETHI . . .

Indaba yenkolo iyinto eyimfihlo, akufanele ixoxwe nanoma ubani.

UNGASE UTHI . . .

Sekuwumbono owandile lowo. Kodwa iBhayibheli liyasikhuthaza ukuba sixoxe ngezinto esizikholelwayo ngoba . . .

Yimuphi umBhalo ongamfundela wona?

Ukhumbula ukuthi umbono wakhe uyini ngale ndaba, ungabonisa kanjani naye usebenzisa lowo mBhalo?